

## Izikhathi Zenswelo



---

### ISABATHA EMINI

#### **Kuleviki Funda:**

Marko 5:22–24, 35–43; 1 Pet. 5:6, 7; Gen. 37:17–28; Luka 16:13; Rom. 6:16; 1 Kor. 15:26.

#### **Indimana Yekhanda:**

“Yebo impela, konke ngikushaya indiva ngobukhulu bokumazi uKristu Jesu iNkosi yami, engilahlekelwe yikho konke ngenxa yakhe, ngikushaya izibi, ukuze ngizuze uKristu” (AbaseFiliphi 3:8, NKJV).

**N**gomzuzu uAdamu noEva bedla isithelo somuthi wokwazi ukulunga nobubi, babanamava enswelo yabo yokuqala, ukuswela ubumsulwa. Futhi lobubumsulwa obasebulahlekile bathathelwa indawo wubugovu, wukulwa, ukusola, kanye nesifiso sokulawula nokuba ngaphezu komunye.

Kafushane ngemuva koKuwa, babona ukulahlekelwa yimpilo okokuqala ngenkathi benikezwa izikhumba zesilwane ukumboza ubunqunu babo. Bevinjiwe ukuba bafinyelele emthini wokuphila hleze badle bese bephila ingunaphakade, balahlekelwa yikhaya labo lensimu epheleleyo, futhi emuva kweminyaka balahlekelwa yindodana yabo, uAbele, ngazandla zomfowabzo, uKayini. Ekugcineni, omunye wabo walahlekelwa ngumlingani wakhe, futhi Ekugcineni lona osele walahlekelwa yimpilo yakhe. Ukulahlekelwa okuningi kweza ngenxa yezinqumo esisodwa. Yebo, sonke siyalazi iqiniso, kanye nobuhlungu, bokulahlekelwa, futhi iningi lethu liba nomuzwa ojulile lapho lokhukulahlekelwa kushaya emndenini. Futhi akumangalisi ke, ngoba emndenini sinezibopho ezisondelele kunazo zonke; ngalokho, ukulahlekelwa lapho, ngezinhlobo zakho, kuzwela kakhulu. Kuleliviki, lapho siqhubeka nokubuka umndeni, sizowubuka ngokwengqikithi yezikhathi ezahlukeno zokulahlekelwa.

*\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 1.*

## Ukulahlekelwa Yimpilo

Sesiqhele ngeminyaka eyizinkulungwane zezinkulungwane emthini wokuphila; futhi sonke siyakuzwa lokho, ikakhulu uma kuza empilweni yethu yenyama. Kungekudala, ngaphandle kokuba sibulawe sisebasha ngukushayeka, sonke sifinyelela eqinisweni elilukhuni lokuphelelwa yimpilo. Futhi, nakuba ukulahlekelwa yimpilo kulukhuni, kubuhlungu kangakanani uma kuhlasela, hhayi nje thina, kepha othile emndenini wethu na? Bangaki abazali okuthe, ikakhulu lapho bebhakene nengane egulayo, bafisa engathi ngabe bekuyibo, abazali, ebebegula kunokuba kube yingane na? Ngeshwa, asilinikeziwe lelulungelo.

**Yini efanayo kuzo zonke lezizindaba na? Marko 5:22–24, 35–43; Mat. 15:22–28; Luka 4:38, 39; Johane 4:46–54.**

---

Kwindaba ngayinye kulezi, futhi ngokungangabazeki nakwezinye eziningi, kwakuyilungu lomndeni elalinxusa usizo lukaJesu linxusela elinye ilungu lomndeni. Akubuzwa, siyabona ukuthi sihlupheka ngoba siphila emhlabeni wesono. Ngenkathi kungena isono ezweni, akungenanga nje ukufa kuphela, kepha nobuhlungu obungapheli, ukugula, kanye nezifo. Lapho sibhekene nokugula okungapheli noma okuyisa ekufeni, singaba namava okwethuka, entukuthelo, okudikibala, futhi size sifune nokumemeza, “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, kungani ungilahlile na? Kungani ukude kakhulu na? Yini ungangizwa ngiquma futhi uze uzongihlenga na?” (Hub. 22:1, CEV). NjengoDavide, sobe senza kahle ukubhekisa imibuzo yethu, intukuthelo, kanye nobuhlungu kuNkulunkulu.

Ngezindlela eziningi, ukugula kanye nokuhlupheka kuyohlala kuyimfihlo kuze ukufa kunqotshwe Ekugcineni ekubuyeni kukaJesu. Kusenjalo, singathola amaqiniso abaluleke Ezwini likaNkulunkulu. Nakuba uJobe wayesebuhlungwini obungachazeki, wabanamava okusondelana okujulile noNkulunkulu. uyachaza, “Ngizwile ngawe kwabanye; manje sengikubone ngamehlo ami” (Jobe 42:5, CEV). UPawule wayenokugula okungapheli, futhi indlela abhekana nako isitshela ukuthi ukuhlupheka kungasihlomisa ukuba siduduze abanye, futhi kusinikeze ukuzwelana nabanye abasebuhlungwini, futhi kungasenza sikwazi ukubasebenzela ngokunempumelelo (2 Kor. 1:3–5)—okungukuthi, uma singakuvumeli kusehlule.

**Noma ngabe yithina noma ilungu lomndeni elihluphekayo ngokugula, yiziphi izithembiso esingazibangela zona na? Kungani, ngezikathi ezinjengalezi, iqiniso likaJesu, iNkosi yethu, ehlupeka esiphambanweni lisemqoka kithina na? Yini ukuba Kwakhe esiphambanweni okusifundisa kona ngothando olungapheli lukaNkulunkulu, naphakathi kokugula emndenini wethu na?**

---

## Ukulahlekelwa Yithemba

Sonke siyizoni, ezikhubazekile okuthi Ngezinye izikhathi sizibonakalise ukuthi asethembekile kulowo obesithemba. Futhi ngubani ongakaze alahlekelwe yithemba komunye ebemthemba na? Futhi, nakuba Lokhu kulahlekelwa kulukhuni, kubi kakhulu uma thina singathembeki, noma sidayiswa, yilungu lomndeni. Ngezinye izikhathi kungabukeka kulula ukwehlukana sibaleke lapho siquma ukuthi asikho isidingo sokuvuselela ubudlelwane. Nembala, akulula uma kuyilungu lomndeni, njengomlingani. Ungasho futhi ukuthi enye yezinhloso zomshado ngeyokusifundisa isifundo sokwakha kabusha ithemba lapho lishabalele.

**Lapho ithemba ebudlelwaneni licekelwe phansi, ithemba kanye nobudlelwane bungaphulukiswa kanjani futhi buhlengwe na? 1 Pet. 5:6, 7; 1 Johane 4:18; Jakobe 5:16; Mat. 6:14, 15.**

---



---



---

Ukwakha kabusha ukwethemba kufana nohambo; kumele ucathule isinyathelo ngasinye ngesikahthi. Uhambo luqala ngokuvuma okuqinisekile kobuhlungu kanye neqiniso, noma ngabe yini icala nokuthi ngubani owonile.

Uma ukuphinga kube yisizathu sokuphela kwethemba, ukuphulukiswa kuqala ngenkathi owonile evuma. Njengengxenye yokuphulukiswa, ukuvuma kumele kuhambisane nokuvuleleka okuphelele ngakulowo owonile. Akumele kubekhona okusala esithe, uma Kunjalo, lapho kutholakala (futhi kuyovela), kuyoshabalalisa ukwethemba obesekusungulwe kabusha. Futhi lapho kwenzeka okwesibili, kubalukhuni kunakuqala ukuhlengwa.

Ukwakha kabusha ithemba kuthatha isikhathi nokubekezela. Ukuqina kwecala, kwenza kuthathe isikahthi eside ukuba izinto zilunge. Yamukela iqiniso lokuthi ngezinye izikhathi kuzoba nomuzwa wokungathi usebenzela emuva njengenkukhu. Ngelinye ilanga kubukeke sengathi kunethemba ngekusasa, kuthi ngosuku olulandelayo, kube sengathi ungabaleka uhambe. Abaningi, nokho, bakwazile ukwakha kabusha ubudlelwane obubhidlikile futhi kwakhula umshado ojulile, osondelene, owenelisayo nonenjabulo.

**Yiziphi izimiso zokuphulukisa umshado ezingasetshenziswa lapho kulahleke ithemba na? Kusenjalo, kungaba yisimo esinjani lapho, nakuba kunentethelelo, kungasekho themba, futhi kungamele libekhona na?**

## Ukulahlekelwa Yithemba, Kuyaqhubeka

Enye indlela ithemba elilahleka ngayo kungodlame emndenini. Nakuba kungacabangeki, ucwaningo lwembula ukuthi ikhaya iyona ndawo enodlame kakhulu empakathini. Udlame emndenini luthinta zonke izinhlobo zemindeni, kanye namakhaya amaKristu. Ukulwa kungukuhlukumeza kwanoma yiluphi uhlobo—ngokukhuluma, ngokwenyama, ngokwemizwa, ngokwezocansi, ngokwenza noma ukungenzi—okwenziwa ngoyedwa noma ngabaningi abantu emndenini.

**IBhayibheli lifaka nezindaba zokulwa emndenini, naphakathi kwabantu bakaNkulunkulu. Ithini imicabango yakho kanye nemizwa lapho ufunda lezizindimana na? Ucabanga ukuthi kungani lezizindaba zafakwa Ezibhalweni na?**

Gen. 37:17–28

---

2 Sam. 13:1–22

---

2 Aamakhosi 16:3, 17:17, 21:6

---

Ukuziphatha okuhlukomezayo yisinqumo ezenziwa ngamabomu ngumuntu ukuba engamele futhi alawule omunye. Ngeke kuchazwe noma kusolwe utshwala, ingcindezi, isidingo sokufeza izinkanuko zocansi, isidingo sokwenza ohlukunyezwayo aziphathe kahle. Abahlukunyezwayo abanacala lokubanga ukuhlukunyezwa. Abahlukomezayo baphendukezela uthando, ngokuba “uthando alulimazi” (Rom. 13:10, NIV). Ukwelashwa ngochwepheshe kungasiza ekuletheni inguquko kumhlukumezi, kuphela uma ethatha umthwalo ngokuziphatha kwakhe futhi afune lolosizo. Kulabo abaziletha ebukhoneni Bakhe, uNkulunkulu uyakwazi Ukwenza ngokwedlulele ukusiza umhlukumezi ayeke ukuhlukumeza, aphenduke ekuziphatheni kwakhe, ukulungisa ngazo zonke izindlela, futhi amukele izimpawu zothando lukaNkulunkulu ukuphulukiswa izinhliziyi zabo kanye nokuthanda abanye (qhathanisa noEfe. 3:20).

**Zama ukuzibeka esimweni sothile ohlukumezekile. Yimaphi amazwi okwamukeleka, enduduzo, kanye nethemba ongafuna ukuwezwa na? Kungani kubalulekile ukunikeza ukuphepha kanye nokunakekela kunokuba unikeze iseluleko ngendlela yokuphila kangcono nomhlukumezi na?**

## Ukuswela Inkululeko

NguNkulunkulu kuphela owazi inani labantu abanezinkinga ezahlukene zomlutha. Kuze kube namuhla, ososayensi abakaqondi ngempela imbangela yomlutha, nakuba kwezinye izigaba bayakwazi ukubona ingxenye yengqondo lapho izinkanuko zisuka khona. Ngeshwa, ukuthola izizinda zalemilutha akufani, nokho, nokusikhulula kuyo imilutha. Umlutha uyinkinga kuwo wonke umuntu, hhayi kuphela lowo oluthekile. Amalungu omndeni—abazali, abalingani, abantwana—bonke bahlupheka kakhulu ngenkathi ilungu lomndeni lingaphansi kwamandla okubonakala sengathi alikwazi ukukhululwa kuwo. Izidakamizwa, utshwala, ugwayi, ukugembula, ezocansi, nakho ukudla—lokho okwenza lezizinto zibe yimilutha ngumkhuba kanye nokuqhubeka kwendlela ezisetshenziswa ngayo. Awukwazi ukuyeka nakuba wazi ukuthi kuyakulimaza. Lapho uthakasele ilungelo lakho lokuzikhethela, uba yisigqila sanoma yini ekuluthileyo, futhi ngalokho eqiniseni ulahlekelwa yinkululeko yakho. UPetro unencazelo elula yokuthi umlutha uyini kanye nemiphumela yawo: “bebathembisa inkululeko, kanti bona uqobo lwabo bayizigqila zokubhubha; ngokuba lokho umuntu ahlulwa yikho uyisigqila sakh” (2 Pet. 2:19, CEV).

**Yiziphi izinto ezingaholela abantu emlutheni na? Luka 16:13, Rom. 6:16, Jakobe 1:13–15, 1 Johane 2:16.**

---



---



---

Isono kanye nomlutha akuyona into efanayo. Ungasenza isono esingakuluthile, nakuba imvamisa singagcina sesikulutha. Kungecono kakhulu, ngamandla kaNkulunkulu, ukuyeka isono ngaphambi kokuba sibe ngumlutha. Futhi, nembala, okuyisona kuphela isisombululo saphakade senkinga yesono kanye nomlutha ngesokwamukela inhliziyo entsha. “Ngenxa yokuthi singabakaKristu Jesu, siyibulele imizwa yethu yobugovu nenkanuko” (Gal. 5:24, CEV). NoPwaule uchazela abaseRoma ukuthi kusho ukuthini ukufa endalweni yesono, nenomlutha ukuze siphilele uKristu (Rom. 6:8–13), abesethayisela, “INKosi uJesu Kristu mayisondelane nani njengezingubo enizigqokile. Ngalokho ngeke nizame ukwenelisa izinkanuko zobugovu” (Rom. 13:14, CEV).

**Ngubani ongakaze yena abhekane nomlutha, kuyena noma kwabanye, mhlawumbe amalungu omndeni na? Ungabasiza kanjani abantu ukuba babone ukuthi akukona ukuvuma ukwehluleka kwezikamoya uma, njengamaKristu, besadinga usizo lochwepheshe na?**

## Ukulehlekelwa Wukuphila

Njengesintu, siyalazi iqiniso lokufa. Sifunda ngako, siyakubona, futhi mhlawumbe sike sacishe sabhekana nako thina ngokwethu.

**Funda u-1 Korinte 15:26. Kuchazwa ngayiphi indlela ukufa, futhi kungani kuchazwa ngalendlela na?**

---

Ngubani, okuthi eshonelwe ngothandiwe wakhe, angabi namava obukhulu bobutha ukufa okuyikona na? Ngakolunye uhlangothi, abafileyo “abanankinga.” Uma, kuJehova, bavala amehlo futhi kulokho okubukeka kungukuphazima kubo, bavuselwe ekungafini. “Kokholwayo, ukufa kuludaba oluncane...KumKristu, ukufa kungukulala, umzuzu wokuthula nobumnyama. Impilo icashiswe noKristu kuNkulunkulu, futhi “ ‘ngenkathi uKristu, ongukuphila kwethu, eqhamuka, nani niyoqhamuka kanye Naye enkazimulweni.’ ”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 787.

Cha, ngabaphilayo, ikakhulu abangani noma amalungu omndeni, abakwazi kahle ubuhlungu kanye nosizi okulandela ukufa. Iqiniso ngukuthi usizi lungukuphendula ngokwemvelo ekulahlekelweni. Ngukuhlupheka ngokwemizwa esibanako ngenkathi okuthile noma othile esimthandayo esuswa kithina. Indlela yokulila ayifani kithina sonke, kodwa ngokuvamile abantu abanangi badlula ezigabeni eziningana. Esokuqala futhi nesivamile ekubhekaneni nokufa kothandiwe ngokwethuka nokuphika, nakuba ukufa bekulindelwe. Ukwethuka ngumuzwa wakho okuvikela ukuba wenganyelwe ngukulahlekelwa okuzumile, futhi kuthatha izinyanga ezimbili kuye kwezintathu. Ungase futhi udlule esikhathini lapho ucabanga kakhulu ngoshonile, nangesikhathi semisebenzi yakho yansuku zonke. Lesisikhathi singathatha izinyanga eziyisithupha kuye onyakeni.

Isigaba sokutheneka amandla kanye nokucindezeleka yisikhathi eside sosizi, mhlawumbe okuyisona esibuhlungu kakhulu nesithatha isikhathi eside kulowo ososizini, lapho uyangokwamukela iqiniso lokulahlekelwa. Kulesisigaba, ungaba namava emizwa eminingi, njengokuthukuthela, ukuba necala, ukuzisola, ukudabuka, kanye nokuxakaniseka. Umgomo wokulila akuwona owokususa ubuhlungu noma inkumbulo yokulahlekelwa kwakho. Esigabeni sokugcina sokwelulama, uqala ukuthakasela kabusha izinto zansuku zonke futhi uqale ukusebenza ngokujwayelekile usuku nosuku.

**Yimiphi imicabango eduduzayo ongayithola ezindimaneni ezilandelayo na? Rom. 8:31–39, Samb. 21:4, 1 Kor. 15:52–57.**

---

## Umcabango Obanzi:

Abaningi bahluphekile ngenxa yemilutha yabo. Baphenduke izigqila zezinkanuko zabo futhi balahlekelwa yimali yabo, yimisebenzi, yimpilo, kanye nenkululeko yabo. Kodwa uJesu weza ukuzosinikeza ukukhulwa esonweni sethu nakukho konke okusiluthayo, futhi “uma iNdodana inikhulula, niyawukhululeka ngempela” (Johane 8:36, NKJV). Futhi uJesu wasithembisa ukuthi uyolokhu enathi (Mat. 28:20, Isa.43:2); ngalokho, akudingekile ukuba siyilwe sodwa lempi (1 Sam. 17:47), futhi usithembisa ukunqoba (1 Pet. 1:3–9). Namuhla ungaqala endleleni eya ekunqobeni phezu kwanoma yikuphi ukuluthwa futhi wamukele inkululeko oyifisayo nalokho uNkulunkulu akufunela kona. Lokho akusho ukuthi ngeke ube nomshikashika, futhi akusho ukuthi, ngezinye izikhathi, ngeke uwe. Kodwa izindaba Ezilungileyo ngezokuthi uma ungathenekanga amandla kuJevoha, ngeke atheneke amandla ngawe. Yebo, akukho okubi ekufuneni usizo lochwepheshe, futhi. Nanjengoba iNkosi ikwazi ukusebenza ochwepheshe bezempilo ukulekelela ezinkingeni zezempilo, angakwazi futhi ukusebenzisa abeluleki abangochwepheshe ukukusiza ngokulutha kwakho, ngokunjalo. “Lapho ubunzima kanye nezinhlupheko zisikakile, kumele sibalekele kuNkulunkulu, futhi ngeqholo silindele ukuba asisize Yena onamandla okusindisa kanye nokuhlangula. Umkhuleko ungumsebenzi kanye nesidingo; kodwa ngabe siyalibala ukudumisa na? Akumele yini sivame ukubonga Umniki wazonke izibusiso na? Siyadinga ukukhulisa umkhuba wokubonga. Kumele njalo sizindle futhi sikhumbule umusa kaNkulunkulu, futhi situse sidumise igama Lakhe elingcwele, nakuba sidlula osizini kanye nasekuhluphekeni.” — Ellen G. White, *Selected Messages*, book 2, p. 268.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

1. ukuthethelela kudlala yiphi indima ekulahlekelweni yithemba kanye nasekwelapheni ubudlelwane obubhidlikile na? Mat. 6:12–15; 18:21, 22. “Uthando . . . alunamagqubu” (1 Kor.13:5, CEV).
2. Yini inzuzo yokuzindla kanye nokukhumbula umusa kaNkulunkulu ngenkathi udlula osizini kanye nasekuhluphekeni na?
3. Yiziphi izindlela eziphathekayo umndeni webandla lakho, uwonke, ongasiza ngazo labo ababhekene nokulahlekelwa kwanoma yiluphi uhlobo na?